
**Amatele**

Isifo esiyingozi esisabalala kalula. Sibangelwa igciwane. Igciwane litholakala kulo lonke uketshezi lomzimba olufana namathe, umchamo, indle, ubisi kanye nasemoyeni ophefumulwa yizo zonke izilwane ezigulayo.

- Izilwane zithola lesi sifo uma zidla noma ziphefumula igciwane eliphuma kulolu ketshezi lomzimba.
- Abantu bangaphinde basabalalise leli gciwane ngezingubo ezingcolile, izicathulo, izandla namathayi emoto angcolile.
- Izilwane ezingagula ikakhulukazi izinkomo, kodwa izingulube, izimbuzi, izimvu nezinye izilwane ezihlukene ezinezinselo, kubandakanya nezilwane zasendle, nazo zingase zisithole lesi sifo.

**Yiziphi izimpawu?**

- Amabhamuza nezilonda emlonyeni (izinsini, izindebe nolimi), kuluhlaza futhi kubuhlungu, okwenza kube nzima esilwaneni ukuba sidle futhi kuvame ukubangela ukugxaza kwamathe.
- Amabhamuza nezilonda phakathi kwezinzwane nalapho izinselo zihlangana khona nesikhumba kungabangela izilwane ukuba zixhuge futhi zingafuni ukuhambahamba. Ngezinye izikhathi zingahle ziphume izinzipho noma izinselo.
- Izinkomo zingaba nezilonda emibeleni yazo. Lokhu kubangela ukwehla okungazelelwe kokukhiqizwa kobisi.




**Kungani sibalulekile?**

- Abalimi balahlekelwa yimali ngoba izilwane ezigulayo ziyancipha emzimbeni, azikhuli futhi zikhiqiza ubisi oluncane. Amankonyane angahle afe.
- Imali enkulu isetshenziswa ukulawula nalesi sifo, njengokwakha nokugcina uthango futhi nokuhlola izilwane ukuthi azinaso yini lesi sifo.
- Amazwe angenaso lesi sifo ngeke athenge izilwane, inyama noma imikhiqizo yenyama eNingizimu Afrika uma lesi sifo sibhebhetheka ezweni lonke.



**Senzeka kuphi isifo samatele?**

ENingizimu Afrika, izinyathi e-Kruger National Park zinalesi sifo kodwa azibonisi zimpawu.  Kwesinye isikhathi izinkomo ezizungeze i-Kruger zisingathola lesi sifo zivela ezinyathini ezeqa ziphuma ePaki. Ukunqanda ukubhebhetheka kwalesi sifo, indawo ezungeze i-Kruger ibiyelwe ukuze ihlukanise lezi zinkomo kwezinye ezisezweni lonke.  Le ndawo ibizwa ngokuthi yiNdawo Evikelwe.  Zonke izinkomo kule ndawo ziyahlolwa futhi ezinye ziyagonywa (nguhulumeni) ukuze kuvikelwe izilwane futhi kunqadwe ukusabalala kwalesi sifo.






**Qaphela:**
Abantu abaguliswa
Amatele

**Okufanele ukwenze lapho izilwane zihlaselwa yilesi sifo:**

- Uma ubona nanoma yiziphi izimpawu zaMatele ezinkomeni zakho, xhumana ngokushesha noChwepheshe Wezempilo Yezilwane noma noDokotela Wezilwane Wombuso.
- Uma isifo samatele sikhona, izilwane zakho (kanye nemikhiqizo yezilwane) ngeke zivunyelwe ukuthi zisiwe kwezinye izindawo ngaphandle kwemvume yokuhanjiswa evela eHhovisi Lesifundazwe Lezilwane.
- Uhulumeni angahle anqume ukugoma izinkomo eziphile kahle uma kunalesi sifo endaweni.

**Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa xhumana nochwepheshe wezempilo yezilwane oseduze noma nodokotela wezilwane wombuso/ noma ozimele.**

Gatsha: Ezempilo Yezilwane

